education
MPUMALANGA PROVINCE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**UHLELO LOKUFUNDA**

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | **IGAMA LESIKOLE:** | | education DEPARTMENT: EDUCATION MPUMALANGA PROVINCE | |
| | **IBANGA: 5** | | | |
| | **ITHEMU: 4** | **AMASONTO: 1-2** | **IZINSUKU:** | **10/10/2023-20/10/2023** |
| | **ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA** | | | |
| | **AMAKHONO** | | | |
| | **UKULALELA NOKUKHULUMA** | **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | **UKUBHALA NOKWETHULA** | **ULIMI** |
| **ISIKHATHI** | **2 AMAHORA** | **5 AMAHORA** | **4 AMAHORA** | **1 IHORA** |
| | **IMISEBENZI** | | | |
| | **UTHISHA** | | | **ABAFUNDI** |
| **UKULALELA NOKUKHULUMA** | **UKULALELA NOKUXOXA IZINGANEKWANE (IZINGANEKO/IMIZEKELISO)**<br>**Uthisha kufanele ethule bese ufundisa ngezimpawu zombhalo ezilandelayo:**<br><br>• Ukuqagela<br>• Khomba indikimba, isakhiwo, isizinda, isimo sezinto kanye nabalingiswa bombhalo ongenabuqinso<br>• Ukuhlukanisa phakathi kwezinto zangempela nezinto zokucatshangelwa<br>**KANYE**<br><br>**UKUZIMBANDAKANYA EZINGXOXWENI**<br>• Ukuvikela/wesekela imibono yakho<br>• Ukuphawula ngokucophelela ngemibono eyethulwa ngabanye<br>• Ukunikeza umbiko ngomsebenzi owenziwe | | | • Abafundi balalela futhi baxoxe **ngenganekwane** |

| | | |
|---|---|---|
| | | |
| | | |
| **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | **UKUFUNDA IZINGANEKWANE (IZINGANEKO/IMIZEKELISO)**<br><br>**Uthisha makafundise izimpawu zombhalo ezilandelayo:**<br><br>• Ukuphawula ngesakhiwo, indikimba kanye nesizinda<br>• Ukunikeza izizathu zalokho okwenziwa ngabalingiswa<br><br>**MAKULANDELWE AMASU OKUFUNDA:**<br><br>• Ukufunda ukuze udlulise amehlo nje<br>• Ukufunda ukuze athole ummongo wendaba<br>• Ukuchaza izindlela ababhali abasebenzisa ngazo ulwazimagama kanye nolimi ukuchaza isizinda<br>• Ukufunda uphimisela ukhombisa ngobuso okufundayo<br>• Ukuxoxisana ngolwazimagama olusha olutholaka embhalweni ofundiwe • Ukusebenzisa isichazamazwi<br>**MAKULANDELWE IZINDLELA ZOKUFUNDA EZILANDELAYO:**<br>• Ukufunda kakhulu kuzwakale<br>• Ukuyeka konke okwenzayo ufunde<br>• Ukufunda uholwa Uthisha/ngeqembu/ngababili/ngokuzimela<br><br>**UKUFUNDELA UKUZITHOKOZISA: • INOVELI/UKUFUNDA INCWADI YOKUFUNDA IMIZUZU ENGAMA-30** | • Abafundi bafunda **inganekwane**<br><br>• Abafundi baphendula imibuzo **ngenganekwane**<br><br>• Abafundi **bafunda kakhulu kuzwakale** belandela inqubo yokufunda |

| | | |
|---|---|---|
| **UKUBHALA NOKWETHULA** | **UKUBHALA IZINGANEKWANE (IZINGANEKO/IMIZEKELISO)**<br>**Uthisha makafundise izimpawu zombhalo ezilandelayo:**<br>• Ukusebenzisa abalingiswa abayizilwane<br>• Ukwakha isakhiwo, abalingiswa kanye nesizinda<br>• Ukukhetha ingqikithi ehambisana nezethameli kanye nehloso yombhalo<br>• Ukusebenzisa ulimi ngokucabangela, ikakhulukazi izinhlobo ezehlukene zolwazimagama<br>**Uthisha makakhumbuze abafundi ngendlela yokubhala elandelayo:**<br>• Ukuhlanganisa imisho kwakhiwa izigaba ezigelezayo kusetshenziswa izabizwana, izihlanganiso kanye nezimpawu zokuloba ezifanele<br>• Ukusebenzisa ulimi olufanele, upelomagama kanye nezimpawu zokuloba<br>• Ukuhlela, abhale izinhlaka bese elungisa izindaba azibhalile<br>• Ukuxhumanisa imisho ibe izigaba ezinikezelanayo kusetshenziswa izabizwana, amagama ayizihlanganiso kanye nezimpawu zokuloba ezifanele<br><br>**UKUBHALA ACHAZE ABALINGISWA**<br>**Uthisha uhola abafundi ekuchazeni abalingiswa:**<br>• Ukukhetha ingqikithi efanele<br>• Ukungagudluki esihlokweni<br>• Ukusebenzisa ulwazimagama oluchazayo ikakhulu izinhlobonhlobo zeziphawulo<br>• Ukusebenzisa ulimi lwezifengqo olunencazelo ecashile isib. Izifaniso, izingathekiso, njll. | 1. Abafundi **babhala inganekwane** balandela inqubo yokubhala<br><br>**2.** Abafundi babhala ngabalingiswa |

| | | |
|---|---|---|
| **IZAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI** | **<u>Ezingeni lamagama:</u>** Iziqalo, izibaluli, iziphawulo, izinsizasenzo, izabizwana, izihlanganiso<br>**<u>Ezingeni lemisho:</u>** Inhloko, umenzi, isivumelwano sesenzo esiyinhloko, izivumelwano<br>**<u>Incazelo yamagama</u>**: Izaga, izisho, isingathekiso<br>**<u>Upelomagama nezimpawu zokukhanyisa</u>**: Ukusetshenziswa kwesichazamazwi, ukuhleleka kwamagama | • Abafundi babhala umsebenzi ngezakhiwo nolimi abafunde ngakho |
| **IZINSIZA KUFUNDA**: Izincwadi zokubhala,amaphephandaba, imibhalo yobuciko, amaphephabhuku | | |
| **UKUSIZWA KWABAFUNDI**: Abahlangabezana nobunzima ngesikhathi senqubo yokufunda bazonikezwa amanye amathuba okulinga futhi. Bazonikezwa isikhathi esingeziwe kunabanye abafundi. | | |

**Uthisha: ___________________ Signesha _____________ Usuku _______________ HOD---------------------Signesha------------------Usuku -----------------**

**SCHOOL STAMP**

**AMASONTO:3-4**

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **IGAMA LESIKOLE :** | | | | | |
| | **IBANGA: 5** | | | | | |
| | **ITHEMU: 4** | **AMASONTO 3-4** | | **IZINSUKU:** | **23/10/2023 -03/11/2023** | |
| | **ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA** | | | | | |
| | **AMAKHONO** | | | | | |
| | **UKULALELA NOKUKHULUMA** | **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | | **UKUBHALA NOKWETHULA** | | **ULIMI** |
| **ISIKHATHI** | **2 AMAHORA** | **5 AMAHORA** | | **4 AMAHORA** | | **1 IHORA** |
| | **IMISEBENZI** | | | | | |
| | **UTHISHA** | | | **ABAFUNDI** | | |
| **UKULALELA NOKUKHULUMA** | **UKULALELA UMBIKO IZINDABA EZISEMATHENI**<br>**Uthisha makafundise ngezimpawu zombhalo kuqala:**<br>• Ukuxoxa ngesakhiwo sombhalo kanye nezimpawu zolimi<br>**MAKULANDELWE AMASU OKULALELA**<br>• Ukwazi ukubona umqondo osemqoka kanye nemininingwane efanele<br>• Ukubuka bese ubheka umbiko ukuthi uhlobene kanjani nempilo oyiphilayo<br>• Ukusho futhi asekele umbono wakhe enikeza izizathu<br>• Ukubuza imibuzo ehlolisisayo engenazo izimpendulo ezisobala<br>• Ukuphendula ngokuqikelela imibuzo<br>**KANYE** | | | • Abafundi balalela uthisha ebafundela **ngombiko wezindaba ezisematheni** | | |

| | | |
|---|---|---|
| | **UKWETHULA NGOMLOMO**<br>**Uthisha makakhumbuze abafundi ngokulandelayo:**<br>•Ukusebenzisa isakhiwo esifanele esinesihloko isingeniso, umzimba nesiphetho<br>• Ukwethula umqondo obalulekile kanye nemininingwane esekelayo<br>• Ukusebenzisa izitho zomzimba kanye namakhono okwethula isib. Ukubheka izethameli, ukwehla nokwenyuka kwephimbo njll. • Namathela esihlokweni • Khombisa uzwelo namalungelo | • Abafundi bethula ngomlomo **umbiko wezindaba ezisematheni** |
| | | |
| **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | **UKUFUNDA UMBHALO ONIKEZA ULWAZI NEMIDWEBO (ISB. IZITHOMBE, IMIDWEBO KANYE NAMABALAZWE)**<br>**Uthisha kufanele ahole abafundi ngokwenza okulandelayo:**<br>• Ukulungiselela ukufunda: ubikezela okuzokwenzeka ngokubuka isihloko, izihlokwana kanye nezithombe<br>• Ukuxoxa ngomqondo osemqoka kanye nemininingwane ehambisanayo<br>• Ukuphawula ngokukhethwa kwezithombe emibhalweni<br><br>**MAKULANDELWE AMASU OKUFUNDA**<br><br>• Uyaqagela futhi asebenzise lokhu akufundile<br>• Ukwabelana ngemiqondo anikeze ngemibono<br>• Ukwethula asekele umbono ngezizathu<br>• Ukubuza imibuzo ehlolisisayo engenazo izimpendulo ezisobala<br>• Ukuphendula ngokuqikelela imibuzo ehlolisisayo<br>• Ukusebenzisa umdwebo osabulwembu/amanothi ukufingqa ulwazi<br><br>**Ukusebenzisa isichazamazwi ukuthuthukisa ulwazimagama [kufanele kuphindwe kulowo nalowo msebenzi] Izindlela zokufunda: • Ukufunda kakhulu kuzwakale • Ukuyeka konke okwenzayo ufunde • Ukufunda uholwa Uthisha/** | 1. Abafundi bafunda **umbhalo onikeza ulwazi nemidwebo (isb. izithombe, imidwebo kanye namabalazwe)** belandela amasu kanye nenqubo yokufunda<br>2. Abafundi mabaxoxe ngolwazimagama olusha nezithombe ezitholakala embhalweni<br>3. Abafundi mabasebenzise imidwebo ukuhlanganisa ulwazi olukhethekile (isib. Uhlaka, ishadi lokulandelana njll.) |

| | | |
|---|---|---|
| **UKUBHALA NOKWETHULA** | **UKUBHALA UMBIKO**<br><br>**Uthisha makakhumbuze abafundi ngeziqondiso zokubhala ezilandelayo:**<br><br>• Ukubhala umbiko kusetshenziswa isakhiwo<br>• Ukulandelisa ulwazi ngokuyikho<br>• Ukusebenzisa uhlelo olufanele, ukupelwa kwamagama nokusebenzisa izimpawu zokuloba kahle<br>• Ukwethula umsebenzi obhalwe ngobunono esebenzisa uhlaka olufanele, njengezihloko, ukuhlukanisa, izigaba, njll.<br><br>**MAKULANDELWE INQUBO YOKUBHALA:**<br>▪ Ukuhlela ▪ Ukubhala umzamo wokuqala ▪ Ukubuyekeza<br>▪ Ukulungisa amaphutha ▪ Ukufunda ngokuqaphelisisa<br>▪ Ukwethula umbhalo/umkhiqizo wokugcina | • Abafundi **babhala umbiko** belandela inqubo yokubhala<br><br>• Abafundi bagcina phansi amagama nezincazelo zawo kwisichazimazwi abazenzele zona |
| **IZAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI** | <u>**Ezingeni lamagama**</u>: Izihlanganiso kanye nezindlela zesenzo<br><br><u>**Ezingeni lemisho**</u>: Inkathi yamanje<br><br><u>**Incazelo yamagama:**</u> Amagama amqondofana, amagama amqondophika kanye nomabizwafane<br><br><u>**Izimpawu zokuloba:**</u> Ukuhlukaniswa kwamagama, ukusetshenziswa kwesichazamazwi | • Umsebenzi ngezakhiwo nolimi abafunde ngakho |
| **IZINSIZA KUFUNDA**: Izincwadi zokubhala,amaphephandaba, imibhalo yobuciko, amaphephabhuku | | |
| **UKUSIZWA KWABAFUNDI**: Abahlangabezana nobunzima ngesikhathi senqubo yokufunda bazonikezwa amanye amathuba okulinga futhi. Bazonikezwa isikhathi esingeziwe kunabanye abafundi. | | |

**Uthisha: ___________________ Signesha _____________ Usuku _______________ HOD----------------------Signesha------------------Usuku -----------------**

**AMASONTO: 5-6**

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **IGAMA LESIKOLE:** | | | | | |
| | **IBANGA: 5** | | | | | |
| | **ITHEMU: 4** | **AMASONTO 5-6** | | **IZINSUKU:** | **06/11/2023-17/11/2023** | |
| | **ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA** | | | | | |
| | **AMAKHONO** | | | | | |
| | **UKULALELA NOKUKHULUMA** | **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | | **UKUBHALA NOKWETHULA** | | **ULIMI** |
| **ISIKHATHI** | **2 AMAHORA** | **5 AMAHORA** | | **4 AMAHORA** | | **1 IHORA** |
| | **IMISEBENZI** | | | | | |
| | **UTHISHA** | | | **ABAFUNDI** | | |
| **UKULALELA NOKUKHULUMA** | **UKULALELA NOKUXOXA NGOMBHALO ONIKEZA ULWAZI**<br><br>**Uthisha kufanele anikeze imisebenzi yokwethula isifundo: ukuqagela**<br><br>**KANYE**<br><br>**UKUZIMBANDAKANYA EZINGXOXWENI**<br><br>**Uthisha kufanele ahole abafundi engxoxweni. Khumbuza abafundi ukuba benze okulandelayo:**<br>• Ukuchaza imibono yabo<br>• Ukukhomba kanye nokuchaza imbangela kanye nomthelela<br>• Ukuphawula ngezinto ezithinta inhlalo nokuziphatha kanye nokubaluleka kwamasiko ezitholakala embhalweni<br>• Ukubuza imibuzo ecubungulayo<br>• Ukuveza nokuchaza imibono okungeyakhe anikeze nezizathu<br>• Ukusebenzisa amasu okuhlanganisa ukuxhumana ngempumelelo eqenjini | | | • Abafundi balalela futhi baxoxe n**gombhalo** onikeza ulwazi<br><br>• Abafundi bazimbandakanya **engxoxweni** | | |
| | | | | | | |

| | | |
|---|---|---|
| **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | **UKUFUNDA UMBHALO OQUKETHE ULWAZI ONEMIDWEBO: (ISB. IZITHOMBE, IMIDWEBO/AMATHEBULA KANYE NAMABALAZWE)**<br><br>**Uthisha makethule umbhalo bese ukhumbuza abafundi ngokulandelayo:**<br><br>•Ukusebenzisa amasu okufunda anhlobonhlobo ukuthola umqondo osemqoka kanye nemiqondo esekelayo<br>• Ukufingqa ulwazi<br>• Ukuhumusha imidwebo<br>• Ukusebenzisa ulwazi lwangaphambili noma lokho akuthathe embhalweni ukuthola umqondo<br>• Ukucabangela okungenzeka<br>• Ukuthatha ulwazi emdwebeni alushintshele embhalweni ebhaliwe elandayo<br>**MAKULANDELWE IZINDLELA ZOKUFUNDA:**<br>• Ukufunda kakhulu kuzwakale<br>• Ukuyeka konke okwenzayo ufunde<br>• Ukufunda uholwa Uthisha/ngeqembu/ ngababili/ngokuzimela<br>• Ukufunda umbhalo onikeza ulwazi Ukuhlola ukufunda: • Ukulungiselela ukufunda kakhulu kuzwakale Ukufundela ukuzithokozisa: • Inoveli/ukufunda incwadi yokufunda imizuzu engama-30 | • Abafundi bafunda **umbhalo oqukethe ulwazi onemidwebo: (isb. izithombe, imidwebo/amathebula kanye namabalazwe)** bese baphendula imibuzo |
| **UKUBHALA NOKWETHULA** | **UKUBHALA UMBHALO EQUKETHE ULWAZI: UKUBHALA KOKUZIQAMBELA INDABA ECHAZAYO: INDABA YAKHO AYIBE NAMAGAMA AYI-120 KUYA KWAYI-140 (IZIGABA EZI-4)**<br><br>Uthisha afundise izimpawu zombalo nezinyathelo ezilandelayo:<br><br>• Ukukhetha isihloko esifanele<br><br>• Ukungachezuki esihlokweni | • Abafundi babhala **umbhalo wokuziqambela indaba echazayo: indaba yabo ayibe namagama ayi-120 kuya kwayi-140 (izigaba ezi-4)** belandela inqubo yokubhala |

| | | |
|---|---|---|
| | • Ukusebenzisa ulwazimagama oluhambisana nesihloko, isib. iziphawulo<br>• Ukusebenzisa izifengqo ezifana nesifaniso nesingathekiso<br>• Ukuphenya athuthukise izindlela zokubuka izihloko ezijwayelekile<br>• Ukulandelanisa izehlakalo ngendlela eyiyona aphinde achaze<br>• Ukusebenzisa ubhalomagama, upelomagama kanye nezimpawu zokuloba<br>**MAKULANDELWE INQUBO YOKUBHALA** | • Abafundi babhala isichazamazwi kanye nencazelo yamagama |
| **IZAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI** | **<u>Ezingeni lamagama:</u>** Iziphawulo<br>**<u>Ezingeni lemisho:</u>** Umusho omele ibizo, umusho omele isenzo, ukuphika kanye nezindlela zokubuza imisho<br>**<u>Incazelo yamagama:</u>** Izingathekiso, izifaniso, izaga kanye nezisho<br>**<u>Izimpawu zokuloba:</u>** Ukusetshenziswa kwesichazamazwi kanye nokwehlukaniswa kwamagama | • Abafundi babhala umsebenzi ngezakhiwo nolimi abafunde ngazo |
| **IZINSIZA KUFUNDA**: Izincwadi zokubhala,amaphephandaba, Imibhalo yobuciko, amaphephabhuku | | |
| **UKUSIZWA KWABAFUNDI**: Abahlangabezana nobunzima ngesikhathi senqubo yokufunda bazonikezwa amanye amathuba okulinga futhi. Bazonikezwa isikhathi esingeziwe kunabanye abafundi. | | |

**Uthisha: ___________________ Signesha _____________ Usuku _______________ HOD---------------------Signesha------------------Usuku -----------------**

**SCHOOL STAMP**

**AMASONTO: 7-8**

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | **IGAMA LESIKOLE:** | | | | | |
| | **IBANGA: 4** | | | | | |
| | **ITHEMU: 5** | | **AMASONTO : 7-8** | | **IZINSUKU:** | **20/11/2023-01/12/2023** |
| | **ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA** | | | | | |
| | **AMAKHONO** | | | | | |
| | **UKULALELA NOKUKHULUMA** | **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | | **UKUBHALA NOKWETHULA** | | **ULIMI** |
| **ISIKHATHI** | **2 AMAHORA** | **5 AMAHORA** | | **4 AMAHORA** | | **1 IHORA** |
| | **IMISEBENZI** | | | | | |
| | **UTHISHA** | | | | **ABAFUNDI** | |
| **UKULALELA NOKUKHULUMA** | **UKUBUKEZA UKUHLOLA OKUHLELEKILE** | | | | **UKUBUKEZA UKUHLOLA OKUHLELEKILE** | |
| | | | | | | |
| **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | **UKUBUKEZA UKUHLOLA OKUHLELEKILE** | | | | **UKUBUKEZA UKUHLOLA OKUHLELEKILE** | |
| **UKUBHALA NOKWETHULA** | **UKUBUKEZA UKUHLOLA OKUHLELEKILE** <br> • | | | | **UKUBUKEZA UKUHLOLA OKUHLELEKILE** | |
| **IZAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI** | **UKUBUKEZA UKUHLOLA OKUHLELEKILE** | | | | **UKUBUKEZA UKUHLOLA OKUHLELEKILE** | |
| **IZINSIZA KUFUNDA**: Izincwadi zokubhala,amaphephandaba, Imibhalo yobuciko, amaphephabhuku | | | | | | |
| **UKUSIZWA KWABAFUNDI**: Abahlangabezana nobunzima ngesikhathi senqubo yokufunda bazonikezwa amanye amathuba okulinga futhi. Bazonikezwa isikhathi esingeziwe kunabanye abafundi.. | | | | | | |